A Ukuhumusha isiprofetho.

- I Historicism iyindlela yokuhumusha esekelwe emqondweni othi isiprofetho sigcwaliseka emlandweni, esikhathini samanje kanye nesikhathi esizayo.
- Uma silandela indlela ye Historicism yokuhumusha, singabona indlela uNkulunkulu akhuluma ngayo ngokulandelana kwemibuso kusukela e Babylon kuze kube manje ngomprofethi u Daniel (cp. 2, 7-12).

B Isikhathi ngokwesiprofetho:

- **Umthetho womnyaka nosuku.**
  - Umthetho womnyaka nosuku uyatholakala ku Leviticus 25:8, Numbers 14:34, Ezekiel 4:6, nakwezinye iziBhalo. Lokhu kusho ukuthi izinsuku esiprofethweni zilingana nomnyaka uma lokhu okulandelayo kugcwalisekile:
    (1) Umnyaka wesiprofetho kumele ushiwo kanye nesifaniso (izilo, izimpondo, njl.).
    (2) Izehlakalo kumele zihambisane nesikhathi eside kunezinsuku zangempela (e.g. 1,200 izinsuku zokubusa kobu papa).
    (3) Azishiwo ngendlela eyejwayelekile (e.g. “Ingxenye yesikhathi”, “ukuhlwa nokusa”, izinyanga eziyizinsuku ezi 30).
- **Ukubona izimpawu.**
  - U Daniel 7 ukhuluma ngokwehlukana kombuso wesine ube yi 10, nokuvela kophondo oluncane”:
    (1) Imibuso emithathu iyawa phambi kwalo.
    (2) Lukhuluma okumelene noPhezu konke.
    (3) Lulwa nabangcwele iminyaka eyi 1,260.
    (4) Luzama ukuguqula izikhathi nomthetho.
  - Lokhu kubonisa lolophondo njengombuso wezwe namandla enkolo owavela e Rome (kodwa luseyiyo i Rome).
  - Ku Daniel 8, uphondo oluncane yi Rome, enqoba amazwe amasha ilwe nabangcwele. Lesi sigaba sihambisana nophondo oluncane kusahluko 7.
  - Uwodwa kuphela umbuso nenkolo emlandweni, ogcwalisa lokhu: ubuPapa. Baqala ukusebenza ngezikhathi ze Dark Ages futhi buyoqhubeka kuze kube sekupheleni kwesikhathi.
- **Isiphelo sezehlakalo.**
  - Lezehlakalo zomlando eziku Daniel 7-12 ziholela esiphelweni: ukwahlulela, kanye nombuso unikwa abangcwele (7:10, 27; 8:14; 12:1).
  - U Daniel 7:11 ucacisa ukuthi ukwahlulela kuqalisa ngenkathi uphondo.
  - U Daniel 8:14 no 9:24 ubonisa ukuthi kuqala nini (ukuhlanjululwa kwendawo engcwele yasezulwini): 2,300 iminyaka ngemuva kuka 457 BC; i.e. 1844 AD.
  - Okokugcina, u Daniel 12:1-3 usitshela ngokuzakwenzeka ekupheleni kokwahlulela: ngemuva kwesikhathi senhlupheko, u Jesu uyobuya asilethele ukuphila okuphakade.

C Isifaniso njengesiprofetho.

- Isifaniso siyindlela yokuhumusha izehlakalo zomlando ngokufakela izifaniso ukuze kuhambisane nesikhathi esizayo noma neqiniso lezomoya.
- Isibonelo, u John umbhaphatisi wabiza u Jesu “iWundlu lika Nkulunkulu” (Jn. 1:36). Wasebenzisa isifaniso sewundlu lomhlatshelo wansuku zonke e Tempelini no Jesu, osusa izono zethu ngokufa kwakhe.
- U Jesu wasebenzisa inyoka yethusi njengesifaniso sokufa kwakhe, nendaba ka Jona njengesifaniso sokuhlala kwakhe ethuneni (Jn. 3:14; Mt. 12:40).
- U Paul wasebenzisa izifaniso eziningi njengalezi (1Co. 10:1-13; Gal. 4:21-31) ukufundisa amaqiniso kamoya esingawasebenzisa nsuku zonke.